NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2019

# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
# ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: amahora ama-2½ | Amamaki ayi-100

---

## QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-10. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
3. Phendula ZOMBILI iziqephu.
4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
7. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.

---

IEB Copyright © 2019

## ISIQEPHU A *ISIGCINO NGESAMI* – S. G. ZULU

- Lesi siqephu sinoMbuzo 1, uMbuzo 2, uMbuzo 3, noMbuzo 4.
- Phendula yonke imibuzo.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  - ulwazi lwendaba
  - ukwethula umbono wakho uwusekele kahle
  - ukubhala inani lamagama
  - isipelingi esihle
  - ulimi oluhle

## UMBUZO 1

Funda isigaba esicashunwe emdlalweni *ISIGCINO NGESAMI*. Phendula imibuzo engezansi.

**Thoko:** Cha mngani, inkinga idalwa ukuthi uSifiso uthi phela ufuna ukuyovela ekhaya manje.

**Jabu:** (*Ehleka)* Kanti uyaganga! Ingani phela kufanele ngabe uyajabula-ke lapho. Kanti wena wawuthi nithandana nje kuyogcinaphi?

**Thoko:** *(Adonse umoya)* Hhayi ukuthi angijabuli. Inkinga nje ukuthi angazi ukuthi le ndaba ngizoyibeka kanjani.

**Jabu:** Uma wesaba ungathumela noma ubani omdala atshele abadala.

**Thoko:** We! Sengiyabona ubaba ezwa le ndaba, akhale ngokuthi angikayibuyisi nemali yakhe angifundisa ngayo.

**Jabu:** *(Ahleke)* Lowo akanankinga. Ingani uzothola izinkomo. Futhi udlala ngoMshengu wena Thoko, uyoyijabulela leyo nto. Akekho umzali othanda ingane yakhe ibe **umjendevu**.

**Thoko:** Wena awumazi noMshengu lowo omtusayo, mina ngihlala naye. Uma esethe **uqinisa ikhanda** akancengwa muntu. *(Athule kancane)* Okungiphatha kabi du-ke Jabu ukuthi ekhaya sengathi ababathandi laba bantu abanjengoSifiso.

[Sicashunwe esigcawini 1, ekhasini 1]

IEB Copyright © 2019

1.1 Khetha impendulo efanele.

1.1.1 **Umjendevu** …

A Umuntu wesifazane osekhulile/ osemdala obuye emshadweni.
B Umuntu wesifazane osekhulile/ osemdala ozoshada.
C Umuntu wesifazane osekhulile/ osemdala ongakaze ashade. (½)

1.1.2 **Ukuqinisa ikhanda** kusho …

A Ukuvuma nokulalela imibono yabanye.
B Ukuba nenkani ungezwa lutho.
C Ukucabangisisa kahle. (½)

1.2 Ngokwalo mdlalo, yiziphi izinkinga ezihlupha uThoko ngesicelo sikaSifiso? Bhala **ezimbili**. (2)

1.3 Ngokubona kwakho, uJabu ungumngane onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

1.4 Funda amazwi angezansi acashunwe emdlalweni *ISIGCINO NGESAMI*.

> "**Kuyogcina mina**! Uma ubona ukuthi ngiyabheda uma ngithi uThoko ngeke ashade manje, ngishiye kanjalo ubone oze ngayo."
>
> *(Esukuma)* "Uyangixosha **mfowethu** ngithi ngizokubonisa? Uyangixosha?"

[Acashunwe esigcawini 3, ekhasini 18]

Phendula le mibuzo ngamagama **angama-60** kuya **kwangama-80**. Bhekisa kokulandelayo:

- Ubani owasho la mazwi **"Kuyogcina mina"**, ewasho kubani? (1)
- Kungani lowo muntu wayesho la mazwi? Chaza kafishane. (2)
- Lo osho la mazwi wayeziphethe kanjani? Sekela impendulo yakho. (2)
- Kwagcina kungesikabani isigcino? Sekela impendulo yakho ngokusebenzisa ulwazi lwakho lomdlalo. (3)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
**[15]**

## UMBUZO 2

Funda lokhu okulandelayo bese uphendula imibuzo. Bhala impendulo ngezigaba. Phendula ngamagama asukela **kwayi-100** kuya **kwayi-120**.

> Kulo mdlalo *ISIGCINO NGESAMI* lokhu okulandelayo: **"uthando, inkani, ubudlelwano, ukubekezela"**, kuyishintshe kanjani impilo yalo mndeni futhi kube **namthelela muni emndenini**?

Bhekisa kokulandelayo:

- Uthando lukaThoko noSifiso. (3)
- Inkani kaMshengu. (3)
- Inkani kaThoko. (3)
- Ubudlelwano bukaThoko nobaba wakhe uMshengu. (2)
- Ukubekezela kukaSifiso. (2)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
**[15]**

IEB Copyright © 2019

## UMBUZO 3

Bhala **ingxoxo** ezoba ngamagama **ayi-130** kuya **kwayi-150**.

UMshengu usesibhedlela eThekwini. UThoko uthola ithuba lokumvakashela. Bhala **ingxoxo phakathi kwabo bobabili,** bakhumbuzana ngokwenzekile, abadlule kukho, kanye nokuthi bazizwa kanjani.



[<www.google.co.za>]

Ingqikithi (okusendabeni = 7 / okwakho = 3) (10)

Isakhiwo (2)

Ulimi nohlelo (2)

Inani lamagama nokulibhala (1)
**[15]**

IEB Copyright © 2019 

## UMBUZO 4

Bhala **i-eseyi** ezoba ngamagama **ayi-180** kuya **kwangama-200**. **I-eseyi** yakho mayihlukaniseke **ngezigaba**.

| |
|---|
| Uma ufunda lo mdlalo *ISIGCINO NGESAMI* kuyavela ukuthi **amalungelo abantu besifazane** awahlonishwanga. |

**Sebenzisa lokhu okulandelayo ekubhaleni i-eseyi yakho, uveze nemibono yakho.**

**Isingeniso**

Chaza kafishane ngokuhlukunyezwa kwabantu besifazane empilweni nangabantu besifazane abahlukunyezwayo emdlalweni. (2)

**Ingqikithi**

- Izenzo zikaMshengu ezikhombisa ukuhlukumeza uMaNdlela nemizamo kaMaNdlela yokuvikela uThoko. (4)
- Izenzo zikaMshengu ezikhombisa ukucindezela amalungelo kaThoko. (4)
- Ukusebenzisa isiko ukucindezela amalungelo kaMaNdlela noThoko. (3)
- Izenzo zikaThoko ezama ukulwela amalungelo akhe. (4)

**Isiphetho**

- Umyalezo otholakale kulo mdlalo ngokuhlukunyezwa kukaMaNdlela noThoko. (3)

Isakhiwo (1)

Ulimi nohlelo (3)

Inani lamagama nokulibhala (1)
**[25]**

**Amamaki angama-70**

IEB Copyright © 2019

## ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  - isakhiwo esifanele
  - ithoni nerejista efanele
  - ulimi oluhle
  - isipelingi esihle
  - ingqikithi enhle
  - ikhono lokuziqambela
  - ukubhala inani lamagama

## UMBUZO 5

Phendula uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagama **ayi-150** kuya **kwayi-180**.

5.1 **Inkulumo**

Wena usenyuvesi, waphasa kahle umatikuletsheni ngo-2018. Ucelwe nguthishomkhulu **ukwethula inkulumo yokukhuthaza** abafundi emcimbini wokubavalelisa *(Matric farewell).*



[<www.google.co.za>]

**Inkulumo** yakho ayifake lokhu okulandelayo:

- Ukubaluleka kwemfundo. (2)
- Ukusebenza ngokuzimisela nokuhlonipha othisha. / Ukuzakhela ikusasa elihle. (3)
- Ukujabulisa abazali abakhokhe imali eningi. (2)
- Amathuba atholakala ngenxa yemiphumela emihle. (2)
- Izinkinga ongahlangabezana nazo empilweni uma ungaphumelelanga kahle. (3)

Isakhiwo (4½)


Ulimi nohlelo (2½)

Inani lamagama nokulibhala (1)
**[20]**

**NOMA**

5.2 **Incwadi yobungane**

Wena ungumfundi othole ithuba lokungena ohlelweni lwe-*Exchange Programme*. Bhalela umngane wakho omkhulu **incwadi** umxoxele ngomehluko okhona phakathi kwesikole sakho nalesi osivakashele.




[<www.google.co.za>]

**Encwadini yakho faka lokhu** okulandelayo:

- Impilo yabafundi abafunda kulesi sikole. (2)
- Ukusetshenziswa kwezobuchwepheshe. (2)
- Amathuba atholakala kulesi sikole. (2)
- Imithetho yesikole. (3)
- Okufanayo noma okungafani ngalesi sikole nesikole sakho. (3)

Isakhiwo (4½)

Ulimi nohlelo (2½)

Inani lamagama nokulibhala (1)
**[20]**

IEB Copyright © 2019

## UMBUZO 6

Phendula uMbuzo 6.1 **NOMA** uMbuzo 6.2. Bhala amagama **angama-60** kuya **kwangama-80**.

### 6.1 **I-imeyili (*e-mail*)**

Wena uyashada ngenyanga ezayo. Bhalela umzala wakho **i-imeyili** umxoxele ngamalungiselelo omshado nezifiso zakho.



[<www.google.co.za>]

| | |
|---|---|
| Ingqikithi | (6) |
| Isakhiwo | (2) |
| Ulimi nohlelo | (1) |
| Inani lamagama nokulibhala | (1) |
| | **[10]** |

**NOMA**

IEB Copyright © 2019 

6.2 **Idayari (*diary*)**

Ngonyaka odlule waya phesheya ukuyocula nekhwaya lesikole sakho. Nawina izindebe ezimbili ngokucula kahle. Bhala **idayari yezinsuku eziyisithupha** ngohambo lwenu.



[<www.google.co.za>]

Ingqikithi (6)

Isakhiwo (2)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
**[10]**

**Amamaki angama-30**

**Amamaki esewonke: 100**

IEB Copyright © 2019